**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**FEB / MAR 2006**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(IPHEPHA LESIBILI)**

**ISIKHATHI:** 3 amahora

**IMIKLOMELO:** 100

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu.
- Isigaba A Umbuzo 1 uphoqelekile.
- Isigaba A Umbuzo 2 phendula imibuzo emibili kuphela.
- Esigabeni B noC leso naleso sigaba sinemibuzo emibili: phendula umbuzo owodwa kuleso naleso sigaba.
- Uma ukhethe ukuphendula umbuzo omude kusigaba B phendula umbuzo onezimpendulo ezimfishane kusigaba C. Uma ukhethe ukuphendula umbuzo onezimpendulo ezimfishane kusigaba B phendula umbuzo omude kuC.

ISIGABA A

**IZINKONDLO**

**UMBUZO 1**

**Lo Mbuzo Uphoqelekile**

Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo engezansi:

**SAL'USUXOLA**

Sal' usuxola nhliziyo yami,
Selidume lasithath'isithandwa sami,
Leyo mvula yezinyembezi mayesulwe,
Konk'okwenzekile kuyiqiniso,
Asisale sesikwamukela

Fumbatha ngqi-
Nhliziyo ngikufumbathisa ithemba;
Bopheka nsi-
Nhliziyo ngikubopha ngoNomathemba;
Ungalahli imbeleko ngokufelwa.

Sal'usuxola nhliziyo yami,
Xola selidume ledlula
NgoNonduduzo ngiyakududuza,
Kuw'ubeyisiqalo futhi eyingcino,
Sal'usuzotha, uzothel'iminjunju yezehlo.
Zafika ngamandla wazamazama,

1.1 Shono ukuthi nhloboni yenkondlo lena. Usho ngani? (2)

1.2 Ichazani imbongi ngalokhu?

1.2.1 Selidume ledlula. (1)
1.2.2 Ungalahli imbeleko ngokufelwa. (1)

1.3 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa? 'Leyo mvula yezinyembezi mayesulwe'. (1)

1.4 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)

1.5 Ngokuzwa kwakho inkondlo, ngubani lona oshonile? (1)

1.6 Yini iminjunju? (1)

**[10]**

## UMBUZO 2

***Imvubelo* – A.M. Maphumulo**

Phendula imibuzo ibe mibili kuphela.

2.1 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela:

Namhla ngingumfula ngiyaholobha ,
Nginemingenela manxa onkana.
Ngimachibichibi,
Ngimazibuko.
Abomile baphuza kimi!

Nokho nginomthombo...
Cha, nganginomthomb'opholile;
Ompompozayo –
Leso siphethu singapheli nsuku zonke
Nenkezo negobongo
Ebengicakula ngayo ngingaphezi!

Namhla sengikhumbul'imigwaq'owayiqombola
Ngikhumbul'ubusik' owabusika
Nehlob'owalehlula;
Ngikhumbul'izivunguvungu owazivumisa phansi
Ngikhumbul'iwisa lakho lomthandazo
Ngikhumbul'isizotha nenhlonipho
Ngikhumbul'amalangab'enjabulo
Ngikhumbul'ugqozi
Phezu kwakho konke, ngikhumbula wena!

2.1.1 Nikeza isihloko sale nkondlo. (1)

2.1.2 Ichazani imbongi uma ithi? "Nginemingenela manxa onkana." (1)

2.1.3 Shono okuthathu imbongi ekukhumbulayo ngalowo ekhuluma naye. (3)

2.1.4 Ngokuzwa kwakho inkondlo, unina wembongi kwabe kungumuntu onjani? Tomula umugqa ofakazela impendulo yakho. (2)

2.1.5 Yini izibuko? (1)

2.1.6 Ichazani imbongi ngalokhu? "Ebengicakula ngayo ngingaphezi" (2)

2.1.7 Nhloboni yokuxhumana esigabeni sesithathu? Nikeza isibonelo sakho. (2)

2.1.8 Nikeza umoya wale nkondlo. Yesekele impendulo yakho. (3)

**[15]**

**NOMA**

2.2 Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**MUHLEKAZI WEMVELO**

Wamuhle Nkosi yokuthula !
Nxa uqhamuk'e Mpumalanga,
Ufana nembali eqhakazile endle,
Ngizwa kutshaz'igaz'emthanjeni
Linanel'intokomalo yakho –
Ngajuluka ngaba yinhlama
Ngob'usuqhakazile Muhlekazi wemvelo.

Kawubhekeki uyasabeka !
Walinqob'iqhawe leLembe.
Lalihlos'ukuzuz' iminyenzane ngawe
Likukhomba likuhasha ligiya!
Walihleka kanye lakhophozela
Ekugcineni walinqoba lanqobeka

Obabamkhulu wababheka
Baphila, bedlula njengethunzi,
EGibhithe wawukhona ubhekile
Mhla kuchithek'igazi elimsulwa.
Wabon'izinsizwa zilwa
Ziya kwaGoqanyawo zingazelele
Ngempikazi yomhlaba yesibili.

2.2.1 Nikeza umqondo osobala wale nkondlo imigqa ibe mihlanu. (5)

2.2.2 Chaza kafushane ukuthi umuhlekazi walinqoba kanjani iqhawe leLembe. (3)

2.2.3 Kukuphi kwaGoqanyawo? (1)

2.2.4 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa? "Ngajuluka ngaba yinhlama". Sichaze. (3)

2.2.5 Le nkondlo iyancoma. Tomula imigqa emibili efakazela lokho. (2)

2.2.6 Yini ukukhophozela? (1)

**[15]**

**Pheqa ikhasi**

**NOMA**

2.3 Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela

Umuhle uyacwazimula
Uyakhanga unewozawoza
Uma nginawe ngizizwa ngiphelele,
Uma nginawe ngizizwa ngisimeme,
Kanti ngisimamiswe wukulutheka ,
Ngomzuzwana kimi uzob'ungasabonwa ,
Ngomzuzwana ungasafaniswa nakufaniswa

Ngakweshela ngomdlandla ,
Weza kimi sethembisana,
Kanti ngamandlingozi esikhashana,
Kanti wukuthatheka komzuzwana
Zeza izivunguvungu neziphepho
Zafika ngamandla wazamazama
Wagunqagunqa sakuzabalaza,
Ngokucwayiza wawungasekho.

Kwala sengakufak'isisinga
Ngithi ngizam'ukukukinatela
Ngokungazi lapho umncane ngakhona.
Ngadumel'umunwe ngithi: Ngakuthola!
Kwabe azifikile izikhukhula,
Ziza namadlambi ziza nezichotho,
Ziza noju nobisi wantengantenga ,
Zakhukhula konke nesisingana leso.

2.3.1 Sithini isihloko sale nkondlo? (1)

2.3.2 Nikeza umqondo osobala wale nkondlo. Imigqa emihlanu. (5)

2.3.3 Endimeni yokuqala kukhona izinhlobo ezimbili zokuxhumana ezingefani. Shono ukuthi nhloboni zokuxhumana, utomule nezibonelo zakhona. (4)

2.3.4 Imbongi iqondeni ngelesisinga kule nkondlo? (2)

2.3.5 Ngokwakho ukubona, yini lena abathembisana yona? (2)

2.3.6 Yini ukulutheka? (1)

**(15)**

**NOMA**

2.4 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela

**YISINQIBI**

Ngazibona zigazuk'izindebe zakhe,
Zidebezeka kungathi bezidebezwa ngenhloso,
Zadebezeka zanemifantu echinc'igazi,
Amehlo ayigazi eshone phakathi
Kwanga ayedonswa ngenhloso,
Isisu saboshwa ngemivingqo yezintambo:
Ngezimbamb'ojahidaba bafund'izibalo,
Izandla zibambene ngoxolo lwemfuno,
Izinwele ngamadlodlombiya ziyimibala yezingubo:
Ngathula ngambheka wangibheka sabhekana,
Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi.
Nkosi, anginalutho ngingamsiza ngani?
Uma lezi zehlo, zingenxa yami,
Ngicela ukuvalelw' amasang'okuphila.

2.4.1 Ngonjani umuntu oyisinqibi? (2)

2.4.2 Nhloboni yenkondlo lena? Usho ngani? (2)

2.4.3 Le nkondlo uma siyifunda isilethela umoya wosizi. Tomula imigqa emibili efakazela lokho. (2)

2.4.4 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa? "Izinwele ngamadlodlombiya ziyimibala yezingubo" (1)

2.4.5 Imbongi yale nkondlo iyikholwa. Tomula imigqa emithathu ukufakazela lokho. (3)

2.4.6 Chaza leli binzana lamagama:

(a) Amehlo ayigazi. (1)
(b) Amadlodlombiya. (1)
(c) Ojahidada. (1)

2.4.7 Le nkondlo ikhuluma ngomuntu olambile. Shono okubili okubonisa lokho. (2)
**(15)**

**[30]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

ISIGABA B

Phendula umbuzo owodwa kulesi sigaba. Uma ngabe uphendula umbuzo omude uyophoqeleka ukuphendula omfisha esigabeni C. Kanti uma uphendula omfisha uzophendula omude ku-C.

**UMBUZO 3**

***Ngiwafunge Amabomvu* – L. MOLEFE**

3.1 Ukulandelwa kwamasiko kuyinto enhle, kodwa ngesinye isikhathi uma elandelwa ona izinto eziningi. Fakazela lo mbono ngezigameko ezisencwadini. **[30]**

**NOMA**

3.2 Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Isiqeshana A**

| | |
|---|---|
| Nokufika: | Pho uthi angeke eqe? |
| Khonzeni: | Uzokweqa Nokufika. Uzokweqa ngempela. Hhawu bakithi ! (Abeke izandla emehlweni) Ngaze ngalayeka mina kababa! |
| Nokufika: | Yaze yaba nzima le ndaba bakithi! |
| Khonzeni: | Kodwa kwakhethelwani mina ukuba ngibe yimpelesi yakhe? Awubheke manje. Awubheke ubunzima esengingena kubo. UThulisile! Uwuhlanya engingalwazi! Angazi ukuthi ngizokwenzenjani ngaye. |
| Nokufika: | Konje! Ngubani ongasilekelela kukhulunywe naye? Uma esusa ikhanjana eliluhlaza phela ngeke kulunge. Bekufanele enqabe kusasuka nje esesekhaya. Uma sekuze kwathathwa mina ngizomphelesa, yimina engizojeza uma engasaziphathi kahle emehlweni enkosi. |
| Khonzeni: | Mhlawumbe ubecabanga ukuthi kuzoba ngcono uma esefikile lapha. |
| Nokufika: | Inkosi wayengakaze ayibone yini? |
| Khonzeni: | Mhlawumbe ucabanga ukuthi ingcono kunalokhu ayifice iyikho. |

3.2.1 Ngubani lona okuthiwa angeqa? (1)

3.2.2 Ngabe uzokweqelani? (2)

3.2.3 Ngubani lo Nokufika okukhulunywa ngaye lapha? (1)

3.2.4 Ngokwazi kwakho indaba, kwabe kuyini umsebenzi kaKhonzeni? (2)

3.2.5 Yini lena okwakufanele ayenqabe esesekhaya uThulisile? (2)

3.2.6 Ngokwazi kwakho indaba, yikuphi lokhu kungaziphathi kahle ayekwenza u. Thulisile ebukhosini? Shono kube kuthathu. (3)

3.2.7 Ngowakho umbono, uZaba wayefanele yini ukusithatha isikhundla ayesiphiwe yinkosi. Usho ngani? (2)

3.2.8 Shono inkinga ebhekene noyise kaZaba kulo mdlalo. (2)

**[15]**

**Isiqeshana B**

| | |
|---|---|
| Mgidi: | Ndlunkulu,namuhla ngolwakho usuku lokuzogcwalisa ubundlunkulu ze kungabi zindaba zasebukhosini kuphela ezisho njalo,<br>(*Athule uThulisile azidlalisele usana. Ihwaqabele inkosi kodwa iyihlabe inhlali*)<br>Uzomletha lapha umfanyana ngimbone.<br>(*Ayinike inkosi imphathe kahle nje sengathi akukho nsolo*)<br>E, Zikhulu zami ngiyametha lo mfanyana, ngimnika elikaSonkanise<br>(*Akhiphe ubuhlalu obumhlophe bokumgqizisa, amgqizise*)<br>Lobu buhlalu buzomkhanyisela uSonkanise ezinyanyeni zalapha emzini omkhulu wamaBomvu.<br>(*Kuphihlike kukhale okungumfanyana*)<br>O, kuthanda ukuzexwaya izingalo zikayise, yingoba kuyazeshwama. |

3.2.9 Ngokwazi kwakho indaba, kungani lo mfanyana ethiwe ngegama lika Sonkanise? (2)

3.2.10 Ngokwazi kwakho indaba, yini eyenza uSonkanise akhale uma ethathwa yinkosi? (2)

3.2.11 UMzwezwe wazama ukufaka uThulisile intando. Ingabe waphumelela yini? Usho ngani? (2)

3.2.12 Ngowakho umbono , inkosi yabe ifanele yini ukumetha igama umfana futhi imfake nobuhlalu? Usho ngani? (3)

3.2.13 Chaza isiko elalizokwenziwa kuSonkanise. (2)

3.2.14 Ngabe laphumelela yini lelo siko? Kungani? (3)

3.2.15 Ngubani igama lenkosi okukhulunywa ngayo? (1)

**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

ISIGABA C

Phendula umbuzo owodwa kuphela. Uma ngabe uphendule omude kusigaba B, phendula omfisha lapha kanti uma uphendule omfisha kusigaba B uphoqelikile ukuphendula omude lapha.

**UMBUZO 4**

**INOVELI**

**Isigcawu Senkantolo –M.M. Masondo**

4.1 Kukhona inkolelo yokuthi umuntu ufuza igama lakhe. Umbhali wale ncwadi usebenzise amagama achaza ubuntu babalingiswa. Xoxa ufakazele loku ngalaba balingiswa:

4.1.1 UVika.
4.1.2 UMagwegwe. (10)
4.1.3 UJikeleza. (10)
(10)

**[30]**

**NOMA**

4.2 Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A**

> " Uneqiniso eliphelele ukuthi lezi zithombe ezomuntu oyedwa?"
> " Ngineqiniso"
> "Uyakufungela lokho?"
> "Ngiyakufungela."
> "Nkosi yenkantolo ngisacela ukubona lezi zithombe."
> "Nkosi yenkantolo lesi isenzo esibi esenziwa kufakazi wenkantolo, Lezi zithombe zahlukene futhi akusizona ezomuntu oyedwa",kukhalaza uMenzi.
> "Ufakazi ufunge phambi kwale nkantolo ukuthi ezomuntu oyedwa" , kusho uSfiso
> " Ngicela inkantolo ihoxise u--- ", kusho uMenzi.
> "Ihoxiseni manje inkantolo?" Kubuza uSifisc.
> " Lesi sithombe sesibili akusisona esikaMhlobo Mvubu", kuphika uMenzi.

4.2.1 Wenza msebenzi muni lona ohlohlwa imibuzo? (1)

4.2.2 Chaza kafushane okwabe kwenzekile okwenza lo mlingiswa ahlohlwe le mibuzo. (3)

4.2.3 Ngokwazi kwakho indaba, sizathu sini esenza angaboni ukuthi lezi zithombe zehlukene, akuzona ezomuntu oyedwa? (2)

4.2.4 Shono igama nesibongo sikadokotela owahlola isidumbu sikaMhlobo. (2)

4.2.5 Shono isizathu esenza ukuba uMhlobo abulawe. (1)

**Pheqa ikhasi**

4.2.6 Shono umsebenzi owenziwa nguMenzi. (1)

4.2.7 Wayehlala kuphi uMhlobo? (1)

4.2.8 Ngokusho kukadokotela, uMhlobo wabe edutshulwe kuphi? (2)

4.2.9 Ngesikabani isibhamu esadubula uMhlobo? Shono igama laso. (2)

**(15)**

**Isiqeshana B**

> " Yebo Mbomvu."
> "Ukwazi kanjani bkho?"
> "Ngikwazi ngoba ngike ngaya ngemoto laphaya."
> "Angithi bekunezinkungu."
> "Lokho kuyiqiniso, kodwa ngikwazile ukuhamba ngikhanyisile futhi ngisebenzisa amawayipha."
> "Umkakho yena kodwa ubeyichaza kahle indawo nje."
> "Kahle kakhulu."
> "Futhi nawe ucinge khona lapho?"
> "Yebo, Ngize ngaphuma ekuseni namhlanje."
> "Isikebhe besingekho lapho."
> "Cha, Mbomvu."

4.2.10 Bakuphi laba abakhulumayo? (2)

4.2.11 Yini lena ababeyifuna esikebheni? (3)

4.2.12 Ngokwazi kwakho indaba, yikuphi okwakufanele akwenze uKubheka emva kwesehlakalo sikaMhlobo? (2)

4.2.13 Ngokusho kukaZethu, wamdubula kuphi uMhlobo? (1)

4.2.14 Ngubani uThandi? (1)

4.2.15 Sizathu sini esenza uNgubane afune ukufinyelela lapho kubulawelwe khona uMhlobo? (2)

4.2.16 Shono izinto ezimbili ezasala edamini ngenkathi uZethu edubula uMhlobo. (2)

4.2.17 Empeleni wabulawa ngubani uMhlobo? Kanjani? (2)

**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**